**INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALA, UMNUZ WILLIES MCHUNU KWI-GALA DINNER YE-SANTACO, ENEWCASTLE**

***19 February 2016***

- Mphathi wohlelo;
- Ubuholi bukazwelonke be-Santaco;
- IPhini likaMengameli lesibili noSihlalo wesifundazwe, Nondaba;
- Isigungu sonke esiphezulu sobuholi besifundazwe;
- Ubuholi bukamasipala wesifunda AmaJuba;
- IMeya yaseNewcastle; Cllr Rehman;
- Amakhansela wonke akhona;
- Abaxhasi balo mcimbi;
- Izimenywa zonke ngokwehlukana kwazo;

Mphathi wohlelo, kuyintokozo enkulu kumina ukuba yingxenye yalo mcimbi lapho kusongwa khona ingqungquthela yonyaka ka-Santaco, i-Annual General Meeting (AGM).

Empeleni bengifisa ukuba yingxenye yalo mhlangano kusukela uqala ngoLwesithathu ukuze nami ngizizwele abaholi bebeka imibono futhi bedingida ngezindaba ezingakwazi ukuthuthukisa imboni.

Ngeshwa ngenxa yeminye imisebenzi kaHulumeni angikwazanga njengoba besivaleleke kwi-Cabinet Lekgotla lapho besibheka khona izindaba ezimqoka zikaHulumeni nezinto ezimqoka ezizokwakha inkulumo kaNdunankulu azobe eyibhekise kubantu besifundazwe.

Lo msebenzi awumncane ngoba sibheka ibanga uHulumeni osulihambile ukushintsha izimpilo zabantu kanjalo sibheke nezixazululo ezinkingeni esibona ukuthi zibhekene nabantu bakithi.

Nokho ngigculisekile ngombiko ubuholi obunginike wona kanye neziphakamiso ezimqoka eziqhamuke ngesikhathi nivalelene ngokuhlukana kwama-commissions.

Ngifisa ukubonga ubuholi bukaSantaco kulesi sifundazwe ngokuthi bukhethe indawo yalapha eNewcastle njengendawo okumele lo mhlangano ubanjelwe kuyo.

Lolu daba lwavela ngonyaka odlule silaphaya eBergville – ngakho ukuba khona kwalo mhlangano lapha ngemuva kwezinkinga ezikade zikhungethe imboni kule ndawo kusho isibethelo esimqoka kakhulu.

NoMkhandlu walapha eNewcastle, uyabona noma ungena lapha ukuthi nisingethwe ngabantu abanezandla ezifudumele futhi abathatha imboni njengesakhiwo esimqoka emnothweni waleli dolobha nesifundazwe.

Noma amandla abanawo emancane kodwa uthando abalukhombisile kuyabonakala ukuthi ngabantu abaqondayo ubumqoka bokuza kwale –AGM lapha.

Nokho abasakuxwayi abantu balapha ukusebenza ngokubambisana nemboni ngoba cishe lo masipala ube yisibonelo sokuthi uma njengoHulumeni sisukuma, sisebenze ngokubambisana izinto zemboni, singahamba ibanga elide.

Ngifisa ukubonga Meya nawo wonke amakhansela akho kanye neziphathimandla, ngokuthi nikwazi ukusondela uma kunezinkinga, ningasiyekeli nime kude uma kukhona izinkinga ezikhungethe imboni.

Nondaba ngifisa ukubonga kakhulu ukubambisana okuhle esibe nakho nobuholi be-Santaco, sisebenza ubusuku nemini ukulungisa inkinga yalapha eNewcastle. Umsebenzi eniwenzile awumncane futhi uyakhombisa ukuthi ukusebenza kwemboni nikuqonda kahle.

Zibe ziningi iziphakamiso kanye nemizamo yokungenelela ukulungisa isimo sokungqubuzana kososeshini abayisihlanu abakhele le ndawo, ezinye zazo zaphumulela ezinye ezizange – kodwa okumqoka wukuthi sonke besinombono owodwa – wokwakha.

Size safika emhlanganweni womphakathi ngesonto eledlule sihambisana sonke lapho bese sizokwethula khona umbiko emphakathini ukuthi ngokwethu izinkinga zaseNewcastle seziphelile futhi asisekho isidingo sokuthi kuqhubeke kuchitheke igazi. Nemboni yaxolisa emphakathini ngamaphutha nokuhlukumezeka okwenzekile.

Yilolu hlobo lobuholi esiludingayo, olucheme nokuthula, olucheme nokuthi bume eqinisweni, obucheme nokuthi kuphele ukuchitheka kwegazi, obucheme nokuthi imboni isebenze ngokulawulwa ngumthetho, obucheme nokuthi imboni ikhule iye phambili.

Okuhle ngani noNdaba nesigungu sonke sakho, sesafunda ukuthembana futhi siyazi ukuthi uma sikhuluma nabantu akekho ozobuye ayohamba omunye ngemuva kuthiwe uyabheda ubani ningayenzi lento ayishoyo.

NjengoHulumeni siyavumelana nemboni ngezinto ezimqoka futhi sibona ukubambisana nokusebenzisana kukhula nsuku zonke. Lapho futhi singavumelani khona iminyango ivuliwe, siyahlangana sibonisane, sifundisane.

Indlela esisebenza ngayo isiyenze kwaphela nokudideka kubantu ngobumqoka be-Santaco ngoba kuyaziwa manje ukuthi lapho kukhulunywa khona izindaba ezimqoka zemboni ngobani ngempela abamele imboni. Abanye nabo ngeke sibabalekele uma kukhona okunomqondo abakushoyo sobalalela ngoba uHulumeni owentandoyeningi kodwa lokho akusho ukuthi sididekile futhi asisoze sadideka.

Akumele sidukiswe ngabantu abavumbuka njalo ngeziteleka sebedukisa izwe njengalento eyenziwa abanye ePhalamende, okwala ngisho betshelwa ukuthi baphuma eceleni, baqhubeke nokuthuka nokukhuluma ngoba umsebenzi wabo wukubhidliza nokubukwa ngenhlamba.

Ngibugcizelela ubudlelwane esinabo ne-Santaco ngoba esikhathini esikuso nesikhathi esesibe ndawonye ngaso nani, ngibona ukuthi isisekelo sisakhile ukuze isizukulwane esizayo sikwazi ukuqonda indlela yokusebenza. Lesi yisisekelo esisha esisakhile sokuphila kwemboni kanye nokusebenzisana kwayo noHulumeni.

Ezinkingeni zonke ezikhungethe ososeshini kulesi sifundazwe, sonke sikhuluma ivangeli lokuthi akuhlalwe phansi kuxoxwe futhi akekho esingahlangani naye. Lokhu sekuphenduke isiko lokusebenza kwemboni futhi libonakala lingena ezingqondweni nasezinhliziyweni zabantu abaningi.

Ngeke wezwa uma kufa abantu embonini nathi sifike sidlove sifake unyawo olunodaka kodwa sifika sivule inkundla, sifune izixazululo ngaphandle kokuchema. Uma usuthule ulalele uze ubone ukuthi inkinga obuyithatha ngokuthi incane ijule kabi kabi. Yifa leli esiyolishiyela izizukulwane ukuze zazi ukuthi kukhona obaba nomama abasebenza ngendlela evulelekile, ngobuqotho ngoba behlose ukuphilisa le mboni futhi ikwazi ukuqhubeka nokuba wumthombo wesikwa emindenini eminingi.

Mphathi wohlelo, phezu kokuba zingasezininingi izindawo lapho sikhomba khona ukuthi kusenodlame embonini yamatekisi kodwa zisekhona izindawo ezisenezinselelo.

Izindawo ezimbalwa ebese zisele bekuyikhona la eNewcastle, iKwaNdengezi, eMolweni kanye nezinye ebeziba nemithonseyana yezigameko.

Namanje siyagcizelela ukuthi ukubulalana akusoze kwaqhamuka nezixazululo. Udlame yinto yabantu abacabanga kancane, okusheshe kuphele amaqhinga emicabangweni yabo bese bebona ukuthi kungcono kufe abantu.

Asifisi ukuthi lesi sifundazwe siphinde sibuyele emuva ngakho sonke kumele sisebenzisane ukuze sinqande ukubheduka kwezigameko ezizokona isithunzi semboni.

Nondaba njengabaholi ngiyafisa ukugcizelela ukuthi ubumqoka bokusebenza kwethu ndawonye kuphinde bavela ngesikhathi sibhekene nenkinga kaSonke Long Distance Taxi association kanye nososeshini abakhele uGu lwesifundazwe, okubalwa kubo noZamokuhle Taxi association. Ngemuva kwesigameko esenzeke kuBrook Street ngonyaka odlule, ngake ngazibuza imibuzo eminingi ngekusasa lale mboni – nokho siyabonga ukuthi sonke sasukuma sakhuza futhi namaphoyisa awenza umsebenzi wawo, isimo sangabhebhetheka.

Okuhle esikubona kamuva wukuthi noma amaphoyisa engakabophi kuwona wonke amacala – kodwa kwamaningi lapho kuba nolwazi khona ayababamba abasolwa. Sifisa ukunigqugquzela ukuthi nani njengabaholi nisebenzise ubuqotho benu, nibambisane namaphoyisa futhi nisheshe niwabikele uma kukhona izinto enizisolayo.

Impumelelo yethimba lamaphoyisa iTaxi Task Team iyabonakala. Ngesikhathi sihlangene kwi-JCPS Cluster, okuyikomidi leKhabhinethi elidid iyele izinhlaka zezokuphepha, amaphoyisa asibikele ukuthi aphenya amacala angaphezulu kuka-230 kusukela ngoJune 2013 kuze kube manje athinta izinkinga zodlame lwamatekisi. Kulawo sekuboshwe abasolwa abangu-195.

Kusukela ngenyanga ka-August 2015 kuze kube manje, ngokombiko wamaphoyisa sekubulawe abantu abangu-30 ngezigameko ezithintene nemboni yamatekisi kanti kuphenywa namacala angu-15 okuzama ukubulala. Nokho amaphoyisa akwazi ukuqoqa izibhamu ezingu-27 abophe abasolwa abangu-32 kulesi sikhathi esincane kangaka.

Lesi sithombe siyakhathaza ngoba yize amaphoyisa ephumelela emsebenzini wawo kodwa basekhona abantu abakholelwa ekutheni kumele kuchitheke igazi futhi abahlome ngezibhamu ezingekho emthethweni.

Lesi simo senza ukuthi sibhekisise nesimo sokuphepha kwamarenki ukuze kungalimali umphakathi njengoba siqalile lapha eNewcastle futhi kumele sibheke kabanzi neqhaza lezinkampani zonogada enibaqashayo.

Namuhla nginiphosela inselelo yokuthi nibheke ngisho nohlobo lwabaholi enibakhethayo kososeshini, ukuthi ngabe nikhetha umuntu ngobunsizwa nobuqhwaga noma nikhetha

umuntu ngoba engumholi futhi ezokwazi ukumela ukuthula neqiniso na? Umsebenzi wokukhanda ukuthula awumncane futhi udinga isibindi.

Sidinga ukutshala imbewu entsha kule mboni nesiko lokuthi ingakwazi ukuphila futhi isebenze ngaphandle kwezinkabi. Kumele labo abasabiza izinkabi babone ukuthi lokhu abakwenzayo kuwubuphukuphuku futhi njengoba izindawo eziningi ziya ngokuzinza, zizothi zisuka zidle bona.

Isikhathi sezinkabi siphelile…………..!!! abanikazi bazo kuhle bazidlulisele lo myalezo ukuze nazo ziyofuna amatoho zizame njengathi sonke ziyeke ukuphila ngegazi labantu.

Mphathi wohlelo, ngiyafisa ukungena endabeni yama-permit. Ngemuva kwengqungquthela i-Taxi Indaba eyabe iseThekwini sathatha izinqumo ezimqoka ngenhloso yokuphucula ukusebenza kwemboni.

Phakathi kwalezo zinqumo kwaba yisinqumo sokuthi kusabalaliswe amahhovisi okukhishwa kwezimvume futhi kwabekwa nezikhalazo zokuthi ihhovisi laseMgungunldovu likude.

Ngenxa yokuthi uma sizibiza lezi zingqungquthela sisuke sihlose ukuthi zisakhe siye phambili, sabuyela emuva sadweba uhlelo lokufezekisa leli phupho lemboni.

Kuyintokozo ukuba ngibike namuhla ukuthi ihhovisi selikhona lapha eMnambithi seliyasebenza, ihhovisi lase-Port Shepstone selikhona liyasebenza, ihhovisi laseMpangeni selikhona liyasebenza, ihhovisi eliseJozini kumanje sisezinhlelweni zokuthi liqale ukusebenza uma sekuxazululeke izinkinga zendawo. Lokhu kwenzeka phezu kwalo eliseMngungundlovu elizoqhubeka nokusebenza.

Kulezi zindawo zonke akekho umuntu ongena ku-Phase 1 noPhase-2, oletha yonke imininingwane, angigcizelele, oletha yonke imininingwane bese efika engasizakali.

Uma kukhona umuntu onenkinga enjalo, kuhle athintane nathi ukuze sikwazi ukubheka inkinga yakhe bese siyixazulula.

Lokhu ngikusho ngoba njalo ufunda emaphepheni sekuthiwa "UMnyango ogweve nezimvume zamatekisi" noma "Kusolwa uMchunu ngezimvume"

Lezi yizihloko ezejwayelekile emaphepheni futhi kulula nje kubanikazi bemboni ukuya kwabezindaba benze izinsolo ezifana nalezi. Uma uthi uyabheka kukhulunywa ngabantu abangaveli nhlobo ngisho kuhlu olwalethwa ososeshini ngokuvumelana noMnyango.

Lento yenza ukuthi singakwazi ukubhekana nenkinga- ngobuqiniso futhi sikwazi ukubhekana nayo ngokubambisana.

Okokuqala kumele sivumelane ukuthi embonini baningi abantu abasebenza ngokungemthetho uma beqhathaniswa nabasemthethweni – futhi kumele sivumelane ukuthi akusiyona inkinga edalwe nguhulumeni kodwa inkinga edalwe yimboni uqobo.

Kumele sivumelane ukuthi kulezi zigaba esavumelana ngazo abantu okwakumele bathole izimvume, uma belethe yonke imininingwane, izimvume zabo bayazithola – uma kukhona izinkinga masizixoxe sizilungise ndawonye.

Kumele sikuveze ukuthi njengodaba oluzimele ubuholi beSantaco buzile kumina njengo-MEC buzophakamisa ukuthi sibheke ukuthi ngeke yini sasivula esinye isigama sokugcwalisela ubulungu kubantu okumanje bavele bayasebenza.

Lokho akusho ukuthi ngoba bayaziwa bayasebenza kusho ukuthi basemthethweni – ngakho ke noma ungaba nencwadi kasoseshini bekuvumela uma umasipala noMnyango bengakakungunyazi, awukabi uyena umsebenzi embonini ngokugcwele.

Ngaphandle kososeshini esibhekene ngqo nezinkinga zabo esanquma nobuholi bemboni ukuthi kumele basizwe, owakwaDukuza, Maphumulo kanye nabalapha eNewcastle.

Ngenzela ukuthi kungabi bikho ukudideka ngoba njengoba lolu daba sisaluxoxa, akusho ukuthi sekukhona isinqumo noma kukhona umuntu osethenjiswe i-permit.

Sivumelene ngokuthi nobuholi be-Santaco kuzomele senze ucwaningo lokubheka isimo somnotho (economic viability) kulowo nalowo mzila ukuthi ngabe ukwengeza izimoto kuzokwazi yini ukulekelela noma kuzoqeda lona leli qatha elincane enilibangayo. Sivumelene nobuholi ukuthi kuzomele kuhlelwe iTaxi Indaba 2 ezobhekana nje nalolu daba.

Lolu hlelo lokucwaninga kumanje luqaliwe KwaDukuza futhi sizosabalala nalo kusona sonke isifundazwe ngoba sinenkolelo yokuthi noma yini esiyenzayo kodwa kumele sibeke ukukhula kwemboni phambili.

Uma kubonakala ukuthi uphenyo lukhomba ukuthi izimoto zivele ziningi futhi ukwengeza ezinye kungase kuqede inzuzo bese kudala udlame, kuzomele sibuye sixoxisane ukuthi sibhekana kanjani naleyo nkinga.

Ngenzela ukuthi noma ngubani ophuma ayokhuluma ngalolu daba, kuzomele asinike ubufakazi babantu akhuluma ngabo bese esitshela ukuthi inkinga yabo ikephi kodwa uma kukhulunywa ngomuntu ongakaze nje abe nayo imvume- udaba lwalabo sisaluxoxa futhi ngeke saxhamazela ngoba lungase lususe omunye umsindo esingawudingi

Olunye udaba engifisa kakhulu ukuthi iSantaco ilubheke, wudaba lokusingathwa kohlelo lokuthuthwa kwabafundi ukuthi singalwenza kanjani lusingatheke kangcono.

Kukhona umsebenzi wabo okuwukuthutha izingane zesikole ngamatekisi kodwa akukho lapho bemeleleke khona ngokugcwele – bese kubakhona abathutha izingane nomphakathi ngamaveni ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya.

Siyathola ukuthi koMkhanyakude nakwezinye izindawo kukhona ukushayisana okukhona phakathi kwemboni yamakhumbi  kanye nabamaveni. Lokhu kuyakhathaza kakhulu futhi siyafisa ukuthi kutholakale isixazululo ngokushesha. Uma kuwuMnyango odonsa izinyawo, kumele nisazise ukuze lolu daba luphothulwe ngokushesha.

Mphathi wohlelo sengiphetha, ngifisa ukubongela iSantaco ngokuthi ikwazi ukusingatha ingqungqulhela emqoka kangaka nokuthi ibe yimpumelelo. Ngiphinde ngibonge ngezinqumo enizithathile kanye nokuzibophezela kwenu ekutheni kube khona ukuthula nokuthi niqhubeke nokubamba iqhaza ekukhuliseni umnotho wesifundazwe.

Siyazi ukuthi u-2016 unyaka wokhethio, sengathi ningavota kahle futhi niphephe kulabo abaphilela ukucathamela abanye kule mboni futhi niphephe nasezingozini zomgwaqo.

Ngiyabonga